



## **IBHUKU LOKUKHUTHAZWA KOKUFINYELELEKA KOLWAZI**

(ngokoMthetho wesi-2 wezi-2000 Wokukhuthazwa Kokufinyelela Olwazini)

[IsiZulu – uMbasu 2023]

## **OKUQUKETHWE**

1. IMVELAPHI.....	3
2. IMISEBENZI NEZAKHIWO ZASE- UJ (s14(1)(a) of PAIA) .....	3
3. ISAKHIWO SOKUPHATHA NEMISEBENZI YASE-UJ EPHATHELENE NOKUNIKEZWA KOLWAZI (s14(1)(b) of POPIA) .....	4
4. ISIQONDISO SOKUSEBENZIZA I-PAIA (s14(1)(c) of PAIA) .....	5
5. UKUCELA ULWAZI E-UJ (s14(1)(d) of PAIA).....	6
6. INQUBO YOKUCELA ULWAZI E/KU-UJ (s14(1)(d) of PAIA) .....	6
7. UKUVEZWA NGOKUZITHANDELA NEZIGABA ZAMAREKHODI EZITHOLAKALA NGOKUZENZAKALELAYO NGAPHANDLE KWESICELO ESIBHALIWE (s15 of PAIA)	8
8. IZIHLOKO NEMIKHAKHA YOLWAZI EGCINWE YI-UJ (s14(1)(d) of PAIA) .....	9
9. INCAZELO YEZINSIZAKALO EZITHOLAKALAYO KUMALUNGU OMPHAKATHI NOKUTHI UNGAZIFINYELELA KANJANI (s14(1)(f) of PAIA) .....	10
10. UKUBAMBA IQHAZA KUNQUBOMGOMO NOMA KUZIGUNGU EZITHATHA IZINQUMO ZASE-UJ (s14(1)(g) of PAIA) .....	10
11. AMAKHAMBI ATHOLAKALAYO NGOKWE-PAIA (s14(1)(h) of PAIA) .....	11
12. ILINGASESE NOKUQHUBEKISA (POPIA) .....	11
ISITHASISELO A – IFOMU 2 .....	12
ISITHASISELO B – IFOMU 4 .....	17

## 1. IMVELAPHI

- 1.1. Ukufinyelela olwazini kuyilungelo lomuntu elivikelwe yiSigaba 32 soMthethosisekelo waseNingizimu Afrika. Ukwengeza kuleli lungelo lomuntu, uMthetho wesi-2 wezi-2000 Wokukhuthazwa Kokutholakala Kolwazi (**PAIA**) uvikela futhi uphakamise amalungelo abantu okuthola ulwazi. I-PAIA ithuthukisa ukwenza izinto obala, ukuziphendulela kanye nokusebenza ngempumelelo kukahulumeni, ikhuthaza ukuhambiswa ulwazi ngokukhululeka futhi ihlinzekela izinqubo ukuba zigcine izakhamuzi zinolwazi.
- 1.2. INyuvesi yase-Johannesburg (**UJ**) izibophezele kumigomo jikelele yokubusa okuhle. Lokhu kubandakanya ukwenza izinto obala, ubuqotho, ukuziphendulela, ukungakhethi kanye nokuzibophezelwa kubo bonke abanesabelo kuyo.
- 1.3. Inhlosi yaleli bhuku ukusiza abantu ukuthi basebenzise amalungelo abo ngaphansi kwe-PAIA kanye noMthethosisekelo waseNingizimu Afrika.

## 2. IMISEBENZI NEZAKHIWO ZASE-UJ (**S14(1)(A) OF PAIA**)

- 2.1. I-UJ isebeza ngokoMthetho Wezemfundo Ephakeme 101 we-1997 kanye neSitatimende Sesikhungo SeNyuveti Yase-Johannesburg (eshicilelwane kuGazethi Kahulumeni 42584 yangomhla ziyi-19 kuNtulikazi wezi-2019).
- 2.2. UMthetho Wezemfundo Ephakeme uhlinzekela lezi zinhlaka ezilandelayo e-UJ:
  - 2.2.1. *UMkhandlu*, ophethe i-UJ;
  - 2.2.2. */Sigele*, esibhekeli imisebenzi yezemfundo nocwaningo Iwase-UJ futhi liziphendulela eMkhandlwini;
  - 2.2.3. *UMkhandlu Omele Abafundi*, othuthukisa izintshisekelo zabafundi base-UJ; kanye
  - 2.2.4. *Nenkundla Yesikhungo*, eyeluleka uMkhandlu ngezindaba ezimayelana nenqubomgomo yesikhungo, isiko lesikhungo kanye nokuqashwa ezikhundleni eziphezulu zase-UJ.
- 2.3. Lezi zinhlaka zisebeza ngokuhambisana nemihlinzeko yoMthetho wezeMfundu ePhakeme kanye noMthetho Wesikhungo.
- 2.4. IShansela iyinhloko ye-UJ ngokwesikhundla. Isekela Shansela noThishanhloko unomthwalo wemfanelo wokuphatha i-UJ. IKomidi Eliphethi Labaphathi lisiza iSekela-Shansela ngokwenza le misebenzi. Lihlanganisa iSekela-Shansela, amaPhini eSekela-Shansela (Amasekela kathishanhloko) kanye nezinye izikhulu ezeseka ezifundweni.
- 2.5. Umbono, inhlosi kanye namagugu ase-UJ ami kanje:

### **2.5.1. Umbono**

Inyuveti yamazwe omhlaba ekhethwayo, ezinze e-Afrika, ebumba ikusasa ngamandla.

### **2.5.2. Umsebenzi**

Ukukhuthaza umphakathi wayo ukuthi uguqule futhi usebenzele abantu ngokusungula izinto ezintsha kanye nokuphishekela ulwazi ngokubambisana.

### **2.5.3. Amagugu**

Umcabango; ingxoxo; ukuvuselelwa; isisekelo senkambo elungile.

### **3. ISAKHIWO SOKUPHATHA KANYE NEMISEBENZI YASE-UJ EPHATHELENE NOKUHLINZEKWA NGOLWAZI (S14(1)(B) SE-POPIA)**

#### **3.1. Isakhiwo sokuphathwa kolwazi**

Uhlaka Iwangaphakathi lokuphatha Iwe-UJ lokuhlinzeka ngolwazi kanye nemisebenzi yezikhulu ezilawulayo zokusetshenziswa kwe-PAIA zimi kanje:

##### **3.1.1. Isikhulu Solwazi**

ISekela-Shansela kanye noThisanhloko, uSol LG Mpedi, uyiSikhulu soLwazi sase-UJ. Ungumgcini wolwazi futhi unesibophezelo sokusetshenziswa kwemihlinzeko yomthetho efanele.

Imininingwane yokuxhumana yeSikhulu Solwazi imi kanje:

Iposi: PO Box 524, Auckland Park, 2006

Elokuhlala: Inyuvesi yase- Johannesburg, Ikhampasi yase-Auckland Park Kingsway, Cnr Kingsway kanye ne-University Road, e-Auckland Park, 2006

##### **3.1.2. Amaphini Ezikhulu Zolwazi**

ISekela-Shansela liqoke laba bantu abalandelayo njengamaPhini Ezikhulu Zolwazi zase-UJ kanti imininingwane yabo yokuxhumana imi kanje:

Igama	Isikhundla	Ucingo	Imeyili
Sol B Jansen van Vuuren	uRejistra	011 559 4850	bettinevv@uj.ac.za
Nkz N Mamorare	Umphathi Omkhulu Wezezimali	011 559 4811	nolwazim@uj.ac.za
Sol S Khan	Iphini likaSekela-Shansela: Kwezemfundo	011 559 6224	skhan@uj.ac.za
Sol S Sinha	IPhini Lesekela-Shansela: Ucwanningo kanye Nokwenziwa Kumazwe Ngamazwe	011 559 4815	ssinha@uj.ac.za
Dkt M Ralephata	Isikhulu Esiyinhkoko Semisebenzi	011 559 4863	mralephata@uj.ac.za
Mnu A Pretorius	Umeluleki jikelele	011 559 4818	driesp@uj.ac.za
Dkt N Vukuza	Umqondisi Omkhulu Oyisiphathimandla	011 559 4808	nvukuza@uj.ac.za

Amakheli eposi nawokuhlala awo wonke amaPhini Ezikhulu

Zolwazi ami kanje:

Iposi: PO Box 524, Auckland Park, 2006

Okuhlala: Inyuvesi yase-Johannesburg, Ikhampasi yase-Auckland Park Kingsway,  
Cnr Kingsway kanye ne-University Road, e-Auckland Park, 2006

### **3.2 Amakheli, amawebhusayithi nezinye izindlela zokuxhumana emakhempasi enyuvesi yase-Johannesburg**

iWebhusayithi: <http://www.uj.ac.za>

<b>Ikheli okuhlalwa kulona</b>	<b>Amakheli ePosi</b>
<b>Ikhempasi i-Auckland Park Bunting Road</b>  Bunting Road  Auckland Park Johannesburg	PO Box 17011  Doornfontein  2028
<b>Ikhempasi i-Auckland Park Kingsway</b>  Cnr Kingsway and University Road  Auckland Park Johannesburg	PO Box 524  Auckland Park  2006
<b>Ikhempasi i-Doornfontein</b>  37 Nind Street  Doornfontein  Johannesburg	PO Box 17011  Doornfontein  2028
<b>Ikhempasi i-Soweto</b>  Old Potchefstroom Road Power Park  Soweto	Private Bag X09  Bertsham  2013

### **4. ISIQONDISO SOKUSEBENZISA I-PAIA (S14 (1) (C) YE-PAIA)**

**4.1.** Isiqondiso esilungiswe yiSilawuli Solwazi siyatholakala kulesi sixhumanisi esilandelayo:

[https://www.justice.gov.za/inforeg/docs/misc/PAIA-Guide-English\\_20210905.pdf](https://www.justice.gov.za/inforeg/docs/misc/PAIA-Guide-English_20210905.pdf)

**4.2.** Imibuzo ingaqondiswa kuSilawuli Solwazi, ngokwemininingwane yokuxhumana engezansi:

**4.2.1** *Ikheli lePosi:* PO Box 31533, Braamfontein, Johannesburg, 2017

**4.2.2.** *Ikheli lokuhlala:* JD House, 27 Stiemens Street, Braamfontein, Johannesburg, 2001

**4.2.3.** *Inombolo yocingo:* 010 023 5200

**4.2.4.** *iWebhusayithi:*  
<https://www.justice.gov.za/inforeg>

**4.2.5.** *I-imeyiil:* [inforeg@justice.gov.za](mailto:inforeg@justice.gov.za)

## 5. UKUCELA ULWAZI E-UJ (S14 (1)(D) YE-PAIA

Isicelo sokufinyelela olwazini kufanele sithunyelwe kusetshenziswa inkundla ye-inthanethi yase-UJ. Kusetshenzwa ngale ndlela elandelayo:

- 5.1.** Isicelo kufanele sihambelane nolwazi oluku-UJ noma olulawulwa yiyo.
- 5.2.** Ifomu lesicelo eliku-inthanethi kufanele ligcwaliswe (bheka **Isithasiselo A, Ifomu lesi-2 noma Ifomu lesi-4**). Kubalulekile ukuthi i-UJ igcine irekhodi lakho konke ukufinyelela kuzicelo zolwazi ezifunyenwe.
- 5.3.** Isicelo sokuthola irekhodi eliquethe ulwazi lomuntu siqu lomfakisicelo sincike ekukhokhwani kwemali yokufinyelela olwazi kanye nemali yokuphatha. I-UJ izoba nelungelo lokuhoxisa lezi zimali ngokubona kwayo.
- 5.4.** Lapho ulwazi luceliwe, okungelona ulwazi lomuntu siqu lomfakisicelo, iyakhokhwa imali yokufinyelela olwazini.
- 5.5.** Iwebhusayithi yase-UJ iqukethe ulwazi oluningi olungase lusekele ukufakwa kwesicelo sokufinyelela olwazini.
- 5.6.** Zonke izicelo zolwazi ngokwe-PAIA (isigaba 6) noma izikhalo zangaphakathi (isigaba 11.1) noma eminye imibuzo ehlobene ne-PAIA zingathunyelwa kulawa makheli alandelayo:

Ikheli lePosi	Ikheli Lokuhlala
Isikhulu Solwazi PO Box 524 Johannesburg 2006	University of Johannesburg Auckland Park Kingsway Campus Cnr Kingsway and University Road Auckland Park
Email: <a href="mailto:paja@uj.ac.za">paja@uj.ac.za</a>	<b>Qaphela:</b> Isikhulu Solwazi Inyuvesi yase-Johannesburg

## 6. INQUBO YOKUCELA ULWAZI E/KU-UJ (S14(1)(D) YE-PAIA)

### 6.1 Izicelo zangaphandle

Isicelo solwazi singenziwa kusetshenziswa inkundla ye-inthanethi noma ngefomethi esephepheni.

#### 6.1.1. Ku-inthanethi

Isicelo se-inthanethi singenziwa ngokuya ngale nqubo elandelayo:

- 6.1.1.1. Yana ku-[www.uj.ac.za](http://www.uj.ac.za) bese uchofoza ku- “**POPIA naku-PAIA**” **okutholakala ngezansi ekhasini lewebhu yase-UJ.** Lokhu kuzokumukisa ekhasini lewebhu ye-POPIA ne-PAIA.
- 6.1.1.2. Ukuufaka isicelo se-PAIA noma se-POPI, chofoza ebhulokhini elibhalwe “**Thumela isicelo se-PAIA noma se-POPI.**” Njengoqalayo ukuyisebenzisa, kuzodingeka ukuba ubhalise ngokuchofaza isithonjana/inkinobho ethi “**Bhalisa**”
- 6.1.1.3. Sebenzisa imininingwane yokungena oyibhalisile ukungena kulesi sizinda. Lokhu kuzokuqondisa - “ekhasini lewebhu. Imenyu enezinketho izovela ngakwesokunxele. Chofoza efomini elifanele ukudlulisa isicelo.
- 6.1.1.4. Qinisekisa ukuthi unikeza lonke ulwazi olubona luhambisana nesicelo. Cacisa futhi unikeze izizathu ezizwakalayo. Kungabi nokungezwakali kahle. Uma ngabe unanoma imaphi amadokumenti okholelwa ukuthi angasekela isicelo sakho, shono ukuthi angatholakala kanjani. Nikeza i-UJ ikheli lakho le-imeyili kanye nenombolo ongathintwa kuyona, uma kungenzeka i-UJ idinge ukuxhumana nawe ukuze icele amanye amadokumenti.
- 6.1.1.5. Uma usugcwaliise zonke izigaba ezidingekayo, skrolela ngezansi kwekhasi lapho kubhalwe khona ukuthi “Thola Ifomu”. Chofoza ebhokisini elibhalwe “**Angilona irobhotti**” ulandele imiyalelo. Uma usuqedile chofoza okuthi “**Hambisa Ifomu**”.
- 6.1.1.6. Iwindi kufanele livuleke ngomlayezo othi: “*Isicelo sakho sithunyelwe ngempumelelo*”.
- 6.1.1.7. I-imeyili yesaziso izothunyelwa kuwe phakathi kwezinsuku ezingama-30, ekwazisa ukuthi isicelo sakho singavunywa noma cha.

## 6.1.2. Kweposi/ngokuhlala/i-imeyili

Isicelo esisekwe ephepheni singenziwa ngokwale nqubo elandelayo:

- 6.1.2.1. Phrinta ifomu lesicelo elisemthethweni (bheka **iSithasiselo A, Ifomu 2**)
- 6.1.2.2. Gcwalisa zonke izinto ezidingekayo efomini lesicelo futhi unikeze isizathu sesicelo sakho.
- 6.1.2.3. Qinisekisa ukuthi uyasiveza isikhundla sakho esisemthethweni kanye nemininingwane yakho yokuthintwa ukusiza i-UJ ekucubunguleni isicelo sakho.
- 6.1.2.4. Uma ucela ulwazi egameni lomunye umuntu noma inhlangano, khombisa isikhundla ohlobene ngaso nomuntu noma inhlangano.
- 6.1.2.5. Thumela isicelo kwelinje lamakheli njengoba kushiwo esigabeni 5.6.
- 6.1.2.6. I-UJ izophendula zingakapheli izinsuku ezingama-30 ukuthi isicelo sakho sivuniwe noma cha. Uma isicelo samukelwe, uzokwaziswa ukuthi uzolulanda kuphi ulwazi.

## 6.2. Izimali

- 6.2.1. Izinkokhelo ezisebenzayo zinjengoba ziukethwe kushejuli yenkokhelo, engabukwa kusetshenziswa isixhumanisi esilandelayo:

<https://www.sahrc.org.za/home/21/files/PAIA%20Notice%20on%20fees.pdf>

### **6.3 Izicelo zangaphakathi**

Isicelo solwazi singenziwa kusetshenziswa inkundla ye-inthanethi noma ngefomethi esekwe ephepheni ngale ndlela elandelayo:

6.3.1 Phrinta ifomu lesicelo sangaphakathi elitholakala ku-inthranethi

(ungasebenzisa **Isithasiselo A**).

6.3.2 Gcwalisa zonke izinto ezidingekayo efomini lesicelo sangaphakathi.

6.3.3 Qinisekisa ukuthi uyasiveza isikhundla sakho esisemthethweni kanye nemininingwane yakho yokuxhumana ukusiza ekucubungulen i sicelo sakho.

6.3.4 Uma isicelo singesolwazi egameni lomunye umuntu, khombisa ubudlelwano nomuntu noma inhlango. Faka imvume yeNhloko yoMnyango uma kunesidingo.

6.3.5 Thumela isicelo kwelinye lamakheli njengoba kubekiwe eSigaben 5.6.

6.3.6 I-UJ izophendula zingakapheli izinsuku ezingama-30 ukuthi isicelo samukelwe noma cha. Uma isicelo samukelwe, uzokwazisa ukuthi uzoluthola kuphi ulwazi.

## **7. UKUDALULA NGOKUZITHANDELA NEZINGXENYE ZAMAREKHODI EZITHOLAKALA NGOKUZENZAKALELAYO NGAPHANDLE KWESICELO ESIBHALWE (I-S15 YE-PAIA)**

Ulwazi olulandelayo lutholakala kalula ngaphandle kokuthi umuntu acele ukufinyelela ngokwale Nqubomgomu futhi lutholakala kuwebhusayithi ye-UJ noma luyatholakala kuSekela Lesikhulu Solwazi:

7.1 Imininingwane yokuthintwa ehlobene nomsebenzi yesikhulu soLwazi kanye namaPhini Ezikhulu Zolwazi;

7.2 Izimali zokufinyelela kanye nokukhiqiza kabusha ezikhokhwa ngumfakisicelo solwazi;

7.3 Imininingwane ehlobene nomsebenzi weShansela;

7.4 Ukubunjwa koMkhandlu;

7.5 Ukubunjwa kweSigele;

7.6 Ukwakheka kweKomidi Eliphethe Leziphathimandla kanye nemininingwane yokuthintwa ehlobene nomsebenzi yamalungu alo;

7.7 Ukubunjwa koMkhandlu Omele Abafundi kanye nemininingwane yekhampasi yokuthintwa yamalungu awo;

7.8 Ubuncane beziyu kanye nezidingo zokuqokwa okusha ezikhundleni ezehlukene e-UJ;

7.9 Ubuncane bezidingo zokwamukelwa ukuze babhalise ezinhlelweni zokufunda ezinikezwu yi-UJ;

7.10 Izinhlaka zokukhokhela izinhlelo zemfundo kanye nezingezona zemfundo;

7.11 Izimali zendawo yokuhlala kanye nenqubomgomu yokungena endaweni yokuhlala;

7.12 Umbiko wokuqashwa ngokulingana we-UJ; kanye

7.13 Nanoma yiluphi ulwazi olutholakala kuwebhusayithi yase-UJ [www.uj.ac.za](http://www.uj.ac.za).

Asikho isaziso esinikeziwe ngokwemibandela ye-s15(2) ye-PAIA.

## **8. IZIHLOKO NEMIKHAKHA YOLWAZI EGCINWE YI-UJ (S14(1)(D) YE-PAIA)**

Ukuthi isihloko noma isigaba solwazi sisohlwini lapha akusho ngempela ukuthi amarekhodi akhona azodalulwa. Konke ukufinyeleleka kungaphansi kwemibandela ye-POPIA, PAIA kanye neminye imithetho.

### **8.1 UMkhandlu, iSigele kanye ne-MEC**

Ama-ajenda, amaminithi emihlangano kanye nohlu Iwamalungu azoba khona.

### **8.2 Izindaba zabafundi**

- 8.2.1 Amarekhodi abafundi
- 8.2.2 Amarekhodi ezemfundo
- 8.2.3 Amaphepha okuhlolwa, okubhala
- 8.2.4 Izinhlangano zabafundi kanye nezisondelene nazo
- 8.2.5 Imithetho yabafundi
- 8.2.6 Amaphrofayili womfundi kanye nezibalo

### **8.3 Izindaba zokuphatha**

- 8.3.1 Ama-ajenda namaminithi emihlangano
- 8.3.2 Izidingo zokwamukelwa kanye nezinqubomgomo
- 8.3.3 Izinqubomgomo nezinqubo zenyuvesi ezingekho kuwebhusayithi
- 8.3.4 Imithethonqubo yezemfundo
- 8.3.5 Ubulungu bembizo
- 8.3.6 Uhlu Iwamalungu amaBhodi namaKomidi eFakhalthi
- 8.3.7 Imithetho Yenuvesi Nefakhalthi

### **8.4 Izindaba zabasebenzi**

- 8.4.1 Amarekhodi abasebenzi
- 8.4.2 Idatha yenkokhelo
- 8.4.3 Izinqubomgomo nezinqubo zabasebenzi
- 8.4.4 Izimo zokusebenza eziJwayelekile
- 8.4.5 Ulwazi Lokuqashwa Ngokulingana
- 8.4.6 Uhlu Iwabasebenzi
- 8.4.7 Ubulungu beNyunyana

### **8.5 Okushicilelwé**

- 8.5.1 Amajenali nama-monographs
- 8.5.2 Izincwadi zezindaba zasenyuvesi kanye namapheshana
- 8.5.3 Ikhalenda Lenyuvesi
- 8.5.4 Iphrosphekthasi yeNyuveti kanye nezincwadi

## **8.6 Abahlinzeki**

- 8.6.1 Igama nemininingwane yokuthintwa
- 8.6.2 Izinombolo zikamazisi nezokubhalisa
- 8.6.3 Ulwazi lwasebhange kanye nezezimali
- 8.6.4 Ulwazi mayelana nemikhqizo kanye/noma izinsizakalo
- 8.6.5 Olunye ulwazi olufanele olutholwe kubahlinzeki

## **8.7 Okunye**

- 8.7.1 Amarekhodi kanye nezitativende zezimali
- 8.7.2 Imibiko Yonyaka
- 8.7.3 Izinkontileka
- 8.7.4 Amarekhodi ocwaningo, ezesayensi kanye nezobuchwepheshe
- 8.7.5 Amarejista ezakhiwo nempahla
- 8.7.6 Amarekhodi entela
- 8.7.7 Amarekhodi omshwalense
- 8.7.8 Ukuxhumana kwangaphakathi
- 8.7.9 Imibhalo yokulawula
- 8.7.10 Amarekhodi:
  - 8.7.10.1 Abafundi bokuqala
  - 8.7.10.2 Abaxhasi
  - 8.7.10.3 Abanikelayo
  - 8.7.10.4 Abahlanganyeli
  - 8.7.10.5 Amakhasimende

## **9. INCAZELO YEZINSIZAKALO EZIKHONA KUMALUNGU OMPHAKATHI NOKUTHI ZINGAZIFINYELELEKA KANJANI (I-S14 (1) (F) KU-PAIA)**

Uhlu olubanzi Iwezinsizakalo Iugukethwe kumaphrosphekhthasi efakhalthi yase-UJ kanye nakuwebhusayithi yase-UJ ethi [www.uj.ac.za](http://www.uj.ac.za).

## **10. UKUBAMBA IQHAZA KWINQUBOMGOMO NOMA EZINHLANGANWENI EZITHATHA IZINQUMO ZASE-UJ (S14 (1)(G) YE-PAIA)**

Abafundi nabasebenzi bangase babambe iqhaza ezinqubweni zenqubomgomu nezokuthatha izinqumo e-UJ ngokuhambisana nemihlinze ko yoMthetho Wezemfundo Ephakeme, uMthetho Wesikhungo kanye nezinye izinqubo zangaphakathi njengoba kuvunyelwene nabamele abafundi nabasebenzi.

## **11. AMAKHAMBI ATHOLAKALA NGEMIBANDELA YE-PAIA (I-S14 (1) (H) YE-PAIA)**

11.1. Isikhala zo sangaphakathi ngokwesigaba 74 kuya ku-77 se-POPIA

11.1.1. Uma umfakisicelo ekholelwa ukuthi ukwenqaba kwe-UJ ukunikeza ulwazi akunabulungiswa, noma uma umfakisicelo engaba nezizathu zesikhala zo ngokwe-PAIA, isikhala zo sangaphakathi singafakwa e-UJ ngokugcwalisa iFomu C (bheka **Isithasiselo B, Ifomu 4**).

11.1.2. Imibandela ye-POPIA ikakhulukazi izigaba 74 kuya ku-77 zizosebenza kuleso sikhala zo sangaphakathi.

Izicelo eziya enkantolo ngokwesigaba 78 kuya ku-82 ze-POPIA

11.1.3. Uma kwenze ka umfakisicelo noma umuntu wesithathu enganeliseki ngesikhala zo sangaphakathi uma izinqubo zokudlulisa icala seziphelile, umfakisicelo angaya enkantolo efanele.

11.1.4. Imibandela ye-POPIA futhi ikakhulukazi izigaba 78 kuya ku-82 ziyasebenza.

## **12. ILINGASESE NOKUQHUBEKISA (POPIA)**

I-UJ icubungula ulwazi lomuntu siqu ngokuhambisana neSaziso sayo seLingasese. Sicela ubheke Isaziso Selingasese ukuze ubone ukuthi i-UJ ilucubungula kanjani ulwazi ngawe.

## ISITHASISELO A – IFOMU 2

### IFOMU 2 ISICELO SOKUFINYELELA KUMAREKHODI [Umthethonqubo 7]

#### QAPHELA:

1. *Ubufakazi bokuthi ungubani kufanele bunamathiselwe ngumfakisicelo.*
2. *Uma izicelo zenziwe egameni lomunye umuntu, ubufakazi balokho kugunyazwa kufanele bunamathiselwe kuleli fomu.*

TO: Isikhulu Solwazi/Iphini Lesikhulu Solwazi

---

---

---

(*Ikheli*)

Ikheli le-imeyili:

---

Isikhahlamezi:

---

*Phawula ngo "X"*

Isicelo senziwe egameni lami

Isicelo senziwa egameni lomunye umuntu.

IMINININGWANE NGOMUNTU SIQU			
Amagama Ngokuphelele			
Inombolo Kamazisi			
Amandla okwenziwa ngawo isicelo ( <i>uma senziwa egameni lomunye umuntu</i> )			
Ikheli Leposi			
Ikheli Lomgwaqo			
Ikheli le-imeyili			
Izinombolo Zokuthintana	Ucingo. (B): Iselula:	Isikhahlamezi:	
Amagama aphelele omuntu ofakelwa isicelo ( <i>uma ekhona</i> )			

Inombolo kaMazisi				
Ikheli lokuposa				
Ikheli Lomgwaqo				
Ikheli le-imeyili				
Izinombolo Zokuthintana	Ucingo. (B)		Isikhahlamezi	
	Iselula			

#### IMINININGWANE YEREKHODI ELICELIWE

*Nikeza imininingwane egcwele yerekhodi okucelwe ukufinyelela kulona, okuhlanganisa nenombolo yereferensi uma uyazi, ukuze irekhodi litholakale. (Uma isikhala esinikeziwe singaneli, sicela uqhubeke ekhasini elihlukile bese ulinamathisela kuleli fomu. Wonke amakhasi engeziwe kufanele asayinwe.)*

Incazeloyerekhodi noma ingxenyefaneleyerekhodi	
Cacisa uma kumayelana:	
Nabafundi	
Nezindaba Zabasebenzi	
Nezezimali	
Nocwaningo	
Nezinhlelo	
Nezinsizakalo Zokuvikela	
Nokunye	
Inomboloyereferensi, uma ikhona	
Noma yimiphi eminye imininingwane yerekhodi	

**UHLOBO LWEREKHODI**  
*(Maka ibhokisi elifanele ngo- "X")*

Irehodi libhalwe phansi noma liprintiwe	
Irehodi lihlanganisa izithombe ezibonakalayo ( <i>lokhu kufaka phakathi izithombe, amaslayidi, amavidiyo aqoshiwe, izithombe ezikhiqizwe ngekhompuyutha, imidwebo, njll.</i> )	
Irehodi liquethe amazwi aqoshiwe noma ulwazi olungaphinde lukhiqizwe ngomsindo	
Irehodi ligcinwe kukhompyutha noma ngesakhwi se-elektronikhi, noma esifundeka ngomshini	
<b>IFOMU LOKUFINYELELA</b> <i>(Phawula ibhokisi elifanele ngo- "X")</i>	
Ikhophi ephrintiwe yerekhodi ( <i>okuhlanganisa namakhophi anoma yiziphi izithombe ezibonakalayo, okulotshiwego kanye nolwazi olugcinwe kukhompyutha noma ngendlela ye-elektronikhi noma efundeka ngomshini</i> )	
Okubhaliwe noma okuphrintiwe kwezithombe ezibonakalayo ( <i>lokhu kufaka phakathi izithombe, amaslayidi, ukurekhodwa kwamavidiyo, izithombe ezikhiqizwe ngekhompuyutha, imidwebo, njll.</i> )	
Ukulotshwa kweculo eliqoshiwe (idokumenti ebhaliwe noma ephrintiwe)	
Ikhophi yerekhodi eku-flash drive ( <i>kuhlanganisa nezithombe ezibonakalayo namaculo aqoshiwe</i> )	
Ikhophi yerekhodi ku-compact disc drive ( <i>kuhlanganisa nezithombe ezibonakalayo namaculo aqoshiwe</i> )	
Ikhophi yerekhodi elondolozwe kuseva yokulondoloza ye-cloud	

**"X") INDLELA YOKUFINYELELA (Maka ibhokisi elifanele ngo- "X"**

Ukuhlolwa kwerekhodi lomuntu ekhelini elibhalisiwe lenhlangano yomphakathi/ezimele ( <i>okuhlanganisa nokulalela amagama aqoshiwe, ulwazi olungaphinda lukhiqizwe ngomsindo, noma ulwazi olugcinwe kukhompyutha noma ngefomethi ye-elektronikhi noma efundeka ngomshini</i> )	
Izinsizakalo zeposi ekhelini leposi	
Izinsizakalo zeposi eposi ekhelini lomgwaqo	
Izinsizakalo ze-courier ekhelini lomgwaqo	
Isikhahlamezi solwazi ngefomethi ebhaliwe noma ephrintiwe ( <i>okuhlanganisa nokubhaliwe</i> )	
I-imeyili yolwazi ( <i>okuhlanganisa namaculo aqoshiwe uma kungenzeka</i> )	

Ukwabelana kwe-cloud/ukudlulisa ifayela	
Ulimi oluncanyelwayo (Qaphela ukuthi uma irekhodi lingatholakali ngolimi oluthandayo, ukufinyeleleka kunganikezwa ngolimi irekhodi elitholakala ngalo)	

IMININGWANE YELUNGELO ELISETSHENZISWAYO NOMA ELIVIKELAYO	
<i>Uma isikhala esinikeziwe singaneli, sicela uqhubeke ekhagini elihlukile bese ulinamathisela kuleli fomu. Umfakisicelo kumele asayne wonke amakhasi engeziwe.</i>	
Khomba ukuthi yiliphi ilungelo okufanele lisetshenziswe noma livikelwe	
Chaza ukuthi kungani irekhodi eliceliwe lidingeka ukuze kusetshenziswe noma kuvikelwe ilungelo elishiwo ngenhla	
Chaza ukuthi kungani irekhodi eliceliwe lidingeka ukuze kusetshenziswe noma kuvikelwe ilungelo elishiwo ngenhla	

IZIMALI	
a) Imali yesicelo kufanele ikhokhwe ngaphambi kokuthi kucatshangwe ngesicelo.	
b) Uzokwaziswa ngenani lemali yokufinyelela okufanele ikhokhwe.	
c) Imali ekhokhwayo yokuthola irekhodi incike endleleni ukufinyeleleka okudingeka ngayo kanye nesikhathi esifanele esidingekeyo sokucinga nokulungisa irekhodi.	
d) Uma ufaneleka ukungakhokhi noma iyiphi imali, sicela usho isizathu sokufaneleka ukungakhokhi.	
Isizathu	
Isizathu	
Isizathu	

Uzokwaziswa ngokubhaliwe ukuthi isicelo sakho sivuniwe noma sinqatshiwe futhi, uma sivuniwe, uzokwaziswa ngezindleko eziphathelene nesicelo sakho, uma zikhona. Sicela ukhombise indlela oncamela ukuthintwa ngayo:

Ikheli leposi	Isikhahlamezi	Ukuxhumana ngogesi (Sicela ucacise)

Kusayinwe e \_\_\_\_\_ ngalolu suku \_\_\_\_\_ ku \_\_\_\_\_ 20 \_\_\_\_\_

***Ukusayina komfakisicelo/komuntu ocelelwa usizo***

***UKUSEBENZA NGOKOMTHETHO***

<i>Inombolo yerefereensi</i>	
<i>Isicelo sifunyenwe ngu (Isikhundla Igama nesibongo LeSikhulu Solwaz)</i>	
<i>Usuku okufunyenwe ngalo:</i>	
<i>Inkokhelo Yokufinyeleleka</i>	
<i>Imali efakiwe (uma ikhona):</i>	

***Ukusayina kweSikhulu Solwazi***

## ISITHASISELO B – IFOMU 4

### IFOMU 4 [Umthethonqubo 9]

Inombolo yerefensi: .....

<b>IMININGWANE YENHLANGANO YOMPHAKATHI</b>					
Igama Lenhlangano Yomphakathi					
Igama Nesibongo Sesikhulu Solwazi:					
<b>IMININGWANE YOMMANGALELI OFAKA ISIKHALAZO NGAPHAKATHI</b>					
Amagama aphelele					
Inombolo kamazisi					
Ikheli leposi					
Izinombolo zokuthintana	Ucingo (B)		Isikhahlamezi		
	Iselula				
Ikheli le-imeyili					
Ingabe isikhalaゾ sangaphakathi sifakwe egameni lomunye umuntu?	Yebo	<input type="checkbox"/>	cha	<input type="checkbox"/>	
Uma impendulo ithi "yebo", isisindo isikhalaゾ sangaphakathi esifikwe ngaso egameni lomunye umuntu: ( <i>Ubufakazi besisindo okufakwe ngaso isikhalaゾ, uma bukhona, kufanele bunamathiselwe.</i> )					
<b>IMININGWANE YOMUNTU OKUFAKWA ISIKHALAZO SANGAPHAKATHI EGAMENI LAKHE</b> ( <i>Uma sifakwe umuntu wesithathu</i> )					
Amagama aphelele					
Inombolo kamazisi					
Ikheli leposi					
Izinombolo zokuthintana	Ucingo. (B)		Isikhahlamezi		
	Iselula				
Ikheli le-imeyili					

**ISINQUMO ESINGQUBUZANA NOKUFAKWA KWESIKHALAZO SANGAPHAKATHI**  
*(phawula ibhokisi elifanele ngo- "X")*

Ukwenqatshwa kwenqatshwa sokufinyelela ulwazi

Isinqumo mayelana nezimali ezikhokhwayo ngokwesigaba sama-22 soMthetho

Isinqumo mayelana nokwelulwa kwesikhathi isicelo okumele sisetshenzwe ngaso ngokwesigaba 26(1) soMthetho.

Isinqumo ngokwesigaba 29(3) soMthetho wokwenqaba ukufinyelela ngendlela ecelwe ngumfakisicelo.

Isinqumo sokunikeza isicelo sokufinyelela

**IZIZATHU ZOKWENZA ISIKHALAZO**

*(Uma isikhala esinikeziwe singeneli, sicela uqhubeke kwelinye ikhasi bese ulinamathisela kuleli fomu. Wonke amakhasi engeziwe kufanele asayinwe.)*

Yisho izizathu  
okusekelwe kuzo  
isikhala  
sangaphakathi

Yisho noma yiluphi  
olunye ulwazi  
olungase luhlobane  
ngokucabanga  
ngesicelo

**Uzokwazisa ngokubhaliwe ngesinqumo sesikhala sakho sangaphakathi. Sicela usazise indlela oyithandayo yokwazisa:**

Ikheli Leposi	Isikhahlamezi	Ukuxhumana ngogesi (Sicela ucacise)

Kusayinwe e \_\_\_\_\_ ngalolu suku \_\_\_\_\_ ku \_\_\_\_\_ 20 \_\_\_\_\_

***Ukusayina komfakisicelo/Umuntu wesithathu***

**UKUSETSHENZISWA NGOKUSEMTHETHWENI  
IREKHODI ELISEMTHETHWENI LESIKHALAZO SANGAPHAKATHI**

Isikhala zo sitholwe ngu: <i>Bhala isikhundla, igama nesibongo leSikhulu soLwazi)</i>			
Usuku esitholwe ngalo:			
Isikhala zo siphelzelwa izizathu zesinqumo seSikhulu soLwazi kanti, lapho kufanele khona, kudingeka imininingwane yanoma yimuphi umuntu wesithathu irekhodi elihlobene naye, esithunyelwe yisikhulu solwazi:	Yebo	<input type="checkbox"/>	
	Cha	<input type="checkbox"/>	

**UMPHUMELA WESIKHALAZO**

Ukwenqatshwa kwesicelo sokufinyelela. Kuqinisekisiwe?	Yebo	<input type="checkbox"/>	Isinqumo esisha (uma singaqinisekisiwe)	
	Cha	<input type="checkbox"/>		
Izimali (Sgaba 22). Kuqinisekisiwe?	Yebo	<input type="checkbox"/>	Isinqumo esisha (uma singaqinisekisiwe)	
	Cha	<input type="checkbox"/>		
Isandiso (Sgaba 26(1)). Kuqinisekisiwe?	Yebo	<input type="checkbox"/>	Isinqumo esisha (uma singaqinisekisiwe)	
	Cha	<input type="checkbox"/>		
Ukufinyelela (Sgaba 29(3)). Kuqinisekisiwe?	Yebo	<input type="checkbox"/>	Isinqumo esisha (uma singaqinisekisiwe)	
	Cha	<input type="checkbox"/>		
Isicelo sokufinyelela sivuniyiwe. Kuqinisekisiwe?	Yebo	<input type="checkbox"/>	Isinqumo esisha (uma singaqinisekisiwe)	
	Cha	<input type="checkbox"/>		

Kusayinwe e\_\_\_\_\_ ngalolu suku\_\_\_\_\_ ku\_\_\_\_\_ 20\_\_\_\_\_

***Isiphathimandla esifanele***